# Ukufunda Iqiniso NgoNkulunkulu

Zithathele le PDF engosini ethi www.jw.org/zu

**Fundani amaRoma 10:13-15.** Abantu bafunda ukubiza igama likaJehova lapho amaKristu eshumayela izindaba ezinhle kubo. Ekhasini lokuqala engosini ethi jw.org/zu, thola indlela izigidi zabantu ezimemezela ngayo "izindaba ezinhle zezinto ezinhle."

Njengomkhaya, bhekani isithombe ngasinye esiphezulu ekhasini lokuqala. Qagelani ukuthi iliphi izwe eliboniswe lapho nokuthi likuphi ebalazweni elingezansi. Ngemva kwalokho chofozani engxenyeni ethi "VULA" ukuze nithole izimpendulo futhi nibone nokuthi bangaki oFakazi BakaJehova abafundisa ngeBhayibheli kulelo zwe. Ebalazweni, phawulani izindawo ezikulawo mazwe eniwabonayo. Ngemva kwalokho, phawulani indawo izwe enihlala kulo elikuyo ebalazweni.

▶ **MANJE ZAMANI LOKHU:** Khethani elinye lamazwe aboniswe ekhasini lokuqala lengosi ethi jw.org/zu. Sebenzisani ithuluzi lokucwaninga eninalo, nithole ukuthi iluphi ulimi olukhulunywa kulelo zwe. Ngaphansi kwesihloko esithi "Izincwadi" esikuyi-jw.org/zu, zamani ukuthola olunye lwalezo zilimi, luphawuleni bese nichofoza ingxenye ethi "Funa." Uma lolo limi lutholakala, zithatheleni incwadi yalo bese nilalela okuqoshiwe ukuze nibone futhi nizwe ukuthi lolo limi luzwakala kanjani.



www.jw.org/zu © 2013 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania